


**NguMongameli  
uThomas S. Monson**



# Ukubambelela Okholweni loKhokho Bethu

**U**John Linford wayeneminyaka engu-43 ngesikhathi yena nonkosikazi wakhe, uMaria, kanye namadodana abo amathathu bethatha isinqumo sokushiya ikhaya labo eGravelly, e-England, behamb' ibanga eliyizinkulungwane ukuyohlanganyela namaKholwa esigodini saseGreat Salt Lake. Bashiya ngemumva indodana yabo yesine, eyayishumayela ivangeli likaJesu Kristu, badayisa izimpahla zabo, bathatha umhubhe eLiverpool bagibela umkhumbi *iThornton*.

Uhambo ngolwandle ukuya eNew York City, kanye nohambo ezweni ukuya e-Iowa, lwaba nezigigaba ezingezindle. Izinkinga zaqala, kodwa ke, esikhathini esincane emuva kokuba umndeni wakwaLinford kanye namanye amaKholwa ezinsuku zokuGcina begibele umkhumbi *iThornton* oyingxenywe yenkampani yezinqola ezidonswa ngesandla kaJames G. Willie, balishiya iDolobha e-Iowa ngoJulayi 15, 1856.

Isimo sezulu esasisibi kanye nohambo olwalunzima kwabagqilaza, okubalwa khona noJohn. Ekugcineni wagula futhi wababuthaka kwadingeka ukuba adonswe ngenqola edonswa ngezandla. Ngesikhathi befika eWyoming, isimo sakhe sasesibucayi kakhulu. Ithimba lokuhlenga lase Salt Lake City lafika ngo-Okthoba 21, emahoreni ambalwa emuva kokuba indlela kaJohn yasemhlabeni iphele. Wayedlule emhlabeni ekuseni eduze konqenqema loMfula iSweetwater.

Ngabe uJohn wayezisola yini ngokuthi ushiye ukunethezeka kanye nobulula bempilo wakhetha ukuhlupheka,

ukweswela, kanye nobunzima bokuthatha umndeni wakhe eSiyoni. (See Zulu triple D&C 38:4; 103: 11, 13, 15. Zulu Bible I Kings 8:1; Isaiah 2:3; 59:20.)

“Cha, Maria,” watshele unkosikazi wakhe ngaphambi kokuba adlule emhlabeni. “Ngiyajabula ukuthi sizile. Angeke ngiphile ngize ngifike eSalt Lake, kodwa wena namadodana nizofika, futhi angisoli lutho kulokhu esesibhekane nakho uma nje amadodana ethu angakhulela futhi akhulisele imindeni yawo eSiyoni.”<sup>1</sup>

UMaria kanye namadodana akhe baluqeda uhambo lwabo. Ngesikhathi uMaria edlula emhlabeni esikhathini cishe seminyaka engu-30 eseyadlula, yena noJohn bashiya ngemuva ifa lokholo, lokusiza, lokuzinikela, kanye nelokudela konke.

Ukuba iKholwa ezinsukwini zokuGcina ukuba umvuli ndlela, ngoba incazelo yomvuli ndlela “yilowo ohamba ngaphambili ukulungisa noma avule indlela kwabanye.”<sup>2</sup> Futhi ukuba umvuli ndlela ukuzijwayeza ukunikela ngokudela konke. Yize amalungu eBandla engasacelwa ukuba ashiye amakhaya awo ukuba athathe uhambo oluya eSiyoni, esikhathini esiningi kumele bashiye ngemuva imikhumba emidala, amasiko akudala, kanye nabangani ababa thandayo. Abanye bathatha isinqumo esinzima sokushiya ngemuva amalungu omndeni aphikisa ubulunga babo eBandleni. Amakholwa ezinsuku zokuGcina aya phambili, kodwa, ethandazela ukuthi abakhethiweyo bazoqonda futhi bamukele.

Indlela yomvuli ndlela ayikho lula, kodwa silandela ezi-nyathelweni zoMvuli Ndlela wokugcina—ngisho uMsindisi—owahamba ngaphambili, esitshengisa indlela okumele siyilandele.

“Woza, ngilandele,”<sup>3</sup> Kwasho Yena esimema.

“Ngiyindlela, iqiniso, kanye nokuphila,”<sup>4</sup> Kwasho Yena.

“Woza kimi,”<sup>5</sup> Kwasho Yena esibiza.

Indlela ingaba nzima. Abanye bathola kunzima ukumelana nokuphawula kwabantu abangahloniphi futhi abanezinkulumo ezingalungile zabantu abayiziphukuphuku abahlekisa ngokuya ocansini bengashadile, ukuthembeka, kanye nokulalela imiyalelo kaNkulunkulu. Kepha umhlaba uthathe kancane ukugcina lomyalelo. Ngesikhathi uNowa eyalwe ukuba akhe umkhumbi, abantu abayiziphukuphuku babuka kwisibhakabhaka esinganawo amafu futhi behleka—kwaze kwafika imvula.

Ezweni laseMelika esikhathini eside esadlula, abantu babengabaza, bephikisana, futhi bengahloniphi umlilo waze washisa iZarahemla, umhlaba wamboza iMoroni-hah, kanye namanzi amboza iMoroni. Ukuhleka usulu, ukwedelela, amazwi angcolile, kanye nesono kwasekungasekho. Ukuthula okunyukubele, ubumnyama obukhulu bangena esikhundleni sako. Ukubekezela kukaNkulunkulu kwase kuphelelwe isikhathi, uhlelo lwesikhathi Sakhe luphelelisiwe.

UMaria Linford akazange aphelelwe ukholo lwakhe yize noma wayebhekene nezinkinga e-England, ubunzima bendlela yakhe “endaweni lapho uNkulunkulu . . . ayilungiselele,”<sup>6</sup> kanye nezinkinga ezilandelanayo azibekezelela nomndeni wakhe kanye neBandla.

Emcimbini wango1937 owawenzelwe emathuneni kukhunjulwa uMaria, iGosa uGeorge Albert Smith (1870–1951) wabuza isizukulwane sakhe: “Ningaphila ngeqiniso okholweni lwamadlozi enu? . . . Zamani ukuphila nimsulwa ukuze nikubone ukuzinikela kwabo.”<sup>7</sup>

Njengoba sibheka ukwakha iZayoni ezinhliziyweni zethu, emakhaya ethu, emphakathini wethu, kanye nase-mazweni ethu, make sikhumbule isibindi nokholo lwalaba abanikela konke ukuze sizijabulele izibusiso zebandla elibuyisiwe, nezethembiso zazo ezivela ngeNhlawulo kaJesu Kristu.

#### AMANOTHI

1. Bheka uAndrew D. Olsen, *Inani EsaliKhokha* (2006), 45–46, 136–37.
2. *The Compact Edition of the Oxford English Dictionary* (1971), “pioneer.”
3. uLuka 18:22.
4. uJohane 14:6.

5. Johane 7:37; bona futhi 3 Nefi 9:22.

6. “Wozani, Wozani, Nina Abangcwele,” *Amahubo*, nombolo. 30., i.

7. Bheka uOlsen, *Inani EsaliKhokha*, 203–4.

## IMFUNDISO EVELA KULOMLAYEZO

Cabanga ukubuza labo obafundisayo ukuthi bacabange abantu abasezimpilweni zabo asebehambe ngaphambi kwabo baba ngabavulindlela kubona. Bese uyababuza ukuthi kunini lapho bona bekumele babe amavuli zindlela bese belungiselela indlela abanye. Bameme ukuba bacabangisise izikhathi lapho beku-mele bahlabele khona nokuthi kungani lokho kwaba nenzuzo. Ungabe usubanikeza inselelo ukuba baqophe ubufakazi babo bo “Mvuli-ndlela wokugcina,” uMsindisi.

## INTSHA

### Ukubambelela Okholweni Lwabo

UMongameli uMonson usho indaba ngomunye umndeni owumvuli-ndlela bese ecaphuna kuMongameli uGeorge Albert Smith: “Ungaphila ngeqiniso kukholo lwamadlozi akho? . . . Zama ukuphila ngokufanelekileyo kwimihlatshelo [aba]kwenzele yona.” Noma unamadlozi angamavulindlela noma uyilungu lokuqala emndenini weBandla, uyazibheka izibonelo zokholo ukuze zikuhole futhi zikunike amandla? Nansi indlela enhle ongaqala ngayo:

1. Yenza uhlu lwabantu obathandayo. Bangaba amalunga omndeni wakho (bakudala noma bama-nje), abangani, abaholi beBandla, noma abantu abase zincwadini ezingcwele.
2. Bhala phansi izimfanelo abanazo ozithandayo. Ngabe umama wakho unesineke ngempela na? Mhlawumbe umngani wakho unomusa kwabanye. Mhlawumbe uthanda isibindi anaso uMholi uMoroni?
3. Khetha umfanelo owodwa kuhlulwako bese uyazibuza, “Ngingawuthola kanjani lomfanelo? Yini engidinga ukuyenza ukukhulisa lomfanelo
4. Bhala phansi uhlelo lokukhulisa lomfanelo bese ulibeka endaweni lapho ozolibona khona njalo, ukuze ukhumbule injongo yakho. Thandaza ukuze uthole usizo kuBaba wethu oseZulwini bese ubheke inqubeke-la phambili njalo. Uma usuzizwa ukuthi usuwukhulise

ngokwanele lomfanekiso, ungakhetha omunye umfanekiso ongasebenza ngawo.

Khumbula ukuthi uma sikhulisa izimfanelo ezinhle kithina, asihloniphi kuphela ukhoho lwamadlozi kanye nemihlatshelo abayenza, kepha futhi singaba isibonelo esihle unomphela kulaba esihlangana nabo.

## IZINGANE

### **Nawe unguMvulindlela!**

**A**mavulindlela abantu abalungiselela indlela abanye ukuze bakwazi ukulandela.

Dweba isithombe noma uthole isithombe soyedwa wedlozi lakho. Ungakwazi ukuthola indaba yokuthi bayilungiselela kanjani indlela ukuze wena ulandele? Bhala izindlela ezimbili ongaba umvuli-ndlela ngazo namhlanje. Ungabelana ngemibono kwisikhathi somndeneni santambama!



# UMzali Ongaba Wuye

Ukholo, Umndeni, Usizo

*Ngomkhuleko funda lemibhalo futhi ufune ukwazi ngalokho ongabelana ngakho. Ukuqonda “uMndeni: Isimemezelo soMhlaba” kungalunyusa kanjani ukhlo lwakho kuNkulunkulu futhi lubabusise kanjani labo obanakekelayo ngokufundisa ngokuwakashelana? Ukuze uthole olunye ulwazi, vakashela ku [www.reliefsociety.lds.org](http://www.reliefsociety.lds.org).*

“**K**wakubalulekile ukuthi izingane zikaNkulunkulu zizalwe emhlabeni futhi zibe namathuba okuqhubekela phambili empilweni yaphakade,” kufundisa iGosa uDallin H. Oaks woMgwamanda wabaPostoli abayiShumi Nambili. “Ekukhanyeni kwesizathu sokugcina sohlelo olukhulu lwenjabulo, ngiyakholwa ukuthi igugu lokugcina emhlabeni nasezulwini izingane zethu kanye nezizukulwane zethu.”<sup>1</sup>

iGosa uNeil L. Andersen woMgwamanda wabaPhostoli abayiShumi Nambili wathi:

“Siyakholelwa emndenini, futhi siyakholelwa ezinganeni. . . .

“ . . . UNkulunkulu wathi ku [Adamu no Eva], zalanani, nande, nandise umhlaba’ [uGenesisi 1:28]. . . .

“Lomyalelo awukakhohlweki noma ubekwe eceleni eBandleni likaJesu Kristu lamaKholwa eziNsukuzokuGcina.”<sup>2</sup>

Yize noma abanye bethu bengabi abazali emhlabeni, singanakekela izingane ezinanoma yimuphi umnyaka. Siyazijabulela izibusiso

zokuba ingxenye yomndeni kaBaba wethu oseZulwini, futhi siyayizwa injabulo kanye nobunzima bokuba ingxenya yomndeni wasemhlabeni. Futhi kwabaningi, ukuba umzali kubalindele empilweni yangunaphakade ezayo.

## ***Eminye imiBhalo eNgcwele***

aMahubo 127:3; uMatewu 18:3-5; 1 uNefi7:1; uMose 5:2-3

## ***Izindaba Zabantu Abaphilayo***

“Amazwi amaningi emhlabeni namhlanje alulaza ukubaluleka kokuba nabantwana noma apha-kamise ukulibazisa noma bavimbe izingane emndenini,” kusho iGosa u-Andersen. “Amadodakazi ami maduzane nje angibhekise iblog ebhalwe umama oliKholwa (hhayi webandla lethu) onabantwana abahlanu. Waphawula: [Ukukhula] kulolusiko, kunzima ukuthola isimo esinenkolo ukuthi sithini ngokuba umzali. . . . Izingane zibukeleka phansi kunenyuvesi. Ngaphansi kunokuvakasha emazweni. Ngaphansi kunokuhamba ebusuku nanoma

ingasiphi isikhathi osithandayo. Ngaphansi kunoku zivocavoca umzimba wakho ejimini. Ngaphansi kunanoma imuphi umsebenzi unganawo noma onethemba lokuwuthola.’ Wabe esengeza: ‘Ukuba umzali akusiwo umsebenzi wokuzilibazisa, kuwubizo. Awuqoqi abantwana ngoba ubabona bebahle okudlula iziteumbu. Akusiyo into oyenza uma ungampintsha ukuthola isikhathi ukuthi uyenze. Kuyinto uNkulunkulu akunikeze isikhathi sokuthi uyenze.’”<sup>3</sup>

## **AMANOTHI**

1. UDallin H. Oaks, “UHlelo oluKhulu lweNjabulo,” *Ensign*, Nov. 1993, 72, 75.
2. UNeil L. Andersen, “Izingane,” *Liahona*, Nov. 2011, 28.
3. UNeil L. Andersen, “Izingane,” 28

## ***Ake Ucabange Ngalokhu***

Ngabe iyiphi indlela umndeni wethu wasemhlabeni ufana ngayo nomndeni wethu wasezulwini?